# IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

# uJesu noZakewu



Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Janie Forest; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org


©2025 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.







UJesu wadabula eJeriko. Leli dolobha lalibhujiswe uJoshuwa kudala. Manje yayakhiwe kabusha futhi abantu abaningi bahlala khona. Phakathi kwabo kwakukhona indoda okuthiwa uZakewu.


Cishe abanye abantu baseJeriko babengamthandi kakhulu uZakewu ngoba wayeqoqa imali yentela kubo.  UZakewu uthumele enye yemali kuhulumeni - kodwa eningi azigcinele yena.
3


Ukuba ngumthelisi kwenza uZakewu waceba kakhulu. Indlu yakhe kungenzeka ukuthi ibiyiNKULU KAKHULU futhi IBANGAPHEZULU ebhulokhini.
4


Kodwa futhi wayemfushane kakhulu - engashodi ngemali, kodwa emfishane nobude.  UZakewu wayengakaze abe mude njengabanye abantu.
5


Lapho uZakewu ezwa ukuthi uJesu useJeriko, umthelisi omncane wafuna ukubona indoda yaseNazaretha eyayithi iyiNdodana kaNkulunkulu. Kodwa izixuku zaziminyene ... abantu abade.
6


UZakewu waba nombono! Uma ekwazi ukuya ngaphambi kwesixuku... agibele esihlahleni esasiphezu komgwaqo... wayezokwazi ukumbona uJesu.
7



Egibela esihlahleni somsikamori, uZakewu wathola imfoloko ethokomele emagatsheni futhi wahlala phansi ukuze alindele uJesu.  "Ngizoba nombono omuhle," Kungenzeka wacabanga. "Ngizombona ngingabonwa."
8

"Zakewu shesha wehle." Umthelisi omncane akazikholwanga izindlebe zakhe. UJesu wema ngaphansi kwesihlahla. UJesu wayembuka. UJesu wayembiza!





Uma uZakewu emangala ukuzwa uJesu embiza, kumelwe ukuba wamangala lapho uJesu ethi: "Namuhla kufanele ngihlale endlini yakho." Wehla ngokushesha uZakhewu wacishe wawa.






UZakewu wajabula kakhulu ngokuthi uJesu uzomvakashela. Kodwa abantu abazange bakuthande. Bakhononda ngokuthi uJesu akavakashele isoni esinjengoZakewu.






Ujesu waletha ukuphila ukusha kuZakewu. Uzakewu wathi, "Nkosi, nginikeza uwafu kokwami kwabahluphekile. Futhi uma kukhona engumxhophile, ngizomkhokhela okuphindwe kane."





UJesu wayijabulela impilo entsha kaZakewu. Uyathanda ukubona abantu bephenduka esonweni futhi benza okulungile. UJesu wathi: "INdodana yomuntu yezela ukufuna nokusindisa lokho okulahlekile." Ngalolo suku eJeriko, uJesu wathola uZakewu!






uJesu noZakewu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Luka 19

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130




53 60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16